## UMkhuleko woKhetho lweZifundazwe noLwezwe

Nkulunkulu onothando nozwelo siyakukhonza njengoMdali - wena osenzile ngomfanekiso wakho.

Sithethelele uma sikhetha izindlela zethu kunokulandela indlela kaKrestu ezosisiza ngoMoya oyiNgcwele, ukulalela okuyiqiniso nokulungile.

Kulolukhetho oluzayo thina zakhamuzi zaseNingizimu Afrika sinenhlanhla ukukwazi ukuzikhethela lowo ozosihola - sisize sikhethe kahle.

**O Nkulunkulu khanyisa ubuso bakho phezu kwethu.**

Sikhulekela izikhulu zokhetho, ukuba zisebenze ngokungakhethi muntu ziwenze kahle umsebenzi wazo zakhe ukuthula uma sezisebenza.

Lalela imikhuleko yethu kubaholi bethu bezombangazwe. Mababe nezilokotho zabantu ababaholayo ezinhliziyweni zabo basekele uMthethosisekelo wezwe ngasosonke isikhathi.
Sikhulekela ukuvuselelwa kwezimilo, iqholo, isiko lokuziphatha ngokulindelekileyo ebuholini kube yizinjongo zabo ekuphathweni kwezwe.

**O Krestu, shintsha izimpilo zethu.**

Sikhulekela ukuba ubulungiswa emphakathini nobubele buqhakambiswe yibo bonke amazinga amasha okubekezelelana nokwamukela abangafani nathi kungabonakala kubantu baseNingizimu Afrika.

**O Moya oyiNgcwele, siphe amandla.**
**AMEN.**

© Diakonia Council of Churches
www.diakonia.org.za
**Tel: (031) 310-3500**